basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

WE SUPPORT QUALITY EDUCATION • LOVE, RESPECT AND ACCEPTANCE FOR ALL •

UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2015
IBANGA 3 ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA
ISIVIVINYO

AMAMAKI: 40

AMAMAKI	

ISIKHATHI: 1 Ihora

ISIFUNDAZWE_____

ISIFUNDA_____

ISEKETHE _____

ISIKOLE _____

INOMBOLO YE-EMIS (9 amadijithi)

IKILASI (Isib. 3A) _____

ISIBONGO_____

IGAMA _____

UBULILI (✓)

UMFANA	

INTOMBAZANE	

USUKU LOKUZALWA

C	C	Y	Y	M	M	D	D

Lesi sivivinyo sinamakhasi ayi-11, ngaphandle kwekhava.

Imiyalelo kumfundi:

1. Funda ngokucophelela yonke imiyalelo nemibuzo.
2. Uthisha uzonisiza ukuba nenze imisebenzi yokuzilungiselela ngaphambi kokuqala isivivinyo.
3. Phendula yonke imibuzo yesivivinyo ezikhaleni nasemabhokisini owanikeziwe.

Imisebenzi yokuzilungiselela

1. Faka uphawu (**x**) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla elinempendulo efanele.

Yini lena?

Le ...



A	B	C	D
inja.	inkomo.	isikhukhukazi.	ikati.

Uphendule ngokufanele uma ufake uphawu phezu ko'D'.

2. Imisho elandelayo isitshela ngokuthi axujwa kanjani amazinyo.
Bhala izinombolo 1-4 emabhokisini ukukhombisa indlela efanele okumele uyilandele uma uxubha amazinyo akho.

Manzisa isixubho sakho.	
Yakaza umlomo wakho ngamanzi.	
Hlikihla amazinyo akho ngesixubho.	
Faka umuthi esixubheni sakho.	

Uphendule ngokufanele uma ulandelanise ngokubhala izinombolo emishweni ngale ndlela: 1, 4, 3, 2.

3. Kokelezela uhlamvu oluseduze kwempendulo efanele.
Yiliphi igama elikhomba ubuningi begama elithi 'ingane'?

A amangane

B abangane

C izingane

D izingono

Uphendule ngokufanele uma ukokelezele u'C'.

Esivivinyweni sakho uzophendula eminye imibuzo efana nale osuyiphendulile.

Isivivinyo sakho siqala ekhasini elilandelayo.

Funda indaba bese uphendula imibuzo 1-9.

Mhla ziyi-18 kuNtulikazi 1918, kwazalwa umfanyana esigodini esithule saseMvezo. Igama lakhe kwakunguRolihlahla Mandela. Wakhulela eQunu ehlala nonina uNosekeni, uyise uGadla nosisi bakhe oBaliwe, Nothusile nabanye. URolihlahla wayelusa izinkomo futhi wayedlala nabanye abafana basendaweni.

Eseneminyaka eyi- 7, waqala ukufunda eMishini yamaWeseli. Uthisha wakhe wamqamba igama elithi Nelson. Emva kokuphothula iBanga lesi-7, waqhubekela esikoleni samabanga aphezulu efunda ebhodingi, yilapho aphothula khona iBanga le-12. Emva kweminyaka embalwa wafundela ukuba ummeli.

UMandela wajoyina iqembu le-ANC waboshwa ngoba wayelwela inkululeko yabantu bonke baseNingizimu Afrika. Waboshwa wavalelwa ejele lase-Robben Island. Emva kweminyaka engama-27 wakhululwa. Ngonyaka we-1994 wakhethwa waba nguMengameli wokuqala wenkululeko eNingizimu Afrika. UNelson Mandela wayebathanda abantu futhi ebasiza kakhulu abantwana. Wayaziwa njengoTata, okuchaza ukuthi, 'Baba'. UTata washona eyiqhawe ngomhlaka 5 kuZibandlela 2013, eneminyaka engama-95.

[Isuselwa encwadini ethi: *Long Walk to Freedom]*

1. Ngokucabanga kwakho sithini isihloko sale ndaba?

.....

2. Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele.

Ubani umlingiswa osemqoka endabeni?

A UNosekeni Mandela

B UNelson Mandela

C UGadla Mandela

D UBaliwe Mandela

3. Faka uphawu (✕) ebhokisini elinempendulo efanele.

UMandela wayengumengameli waliphi ilizwe?

Ningizimu Amerika	
Ningizimu Afrika	
Ningizimu Arabia	
Ningizimu Asia	

4. Khombisa ukulandelana kwezehlakalo endabeni.

Faka izinombolo 1 kuya 4 emabhokisini ukuveza ukulandelana kwemisho endabeni.

Waba umengameli ngo-1994.	
Mhla zingu 18 Julayi 1918, kwazalwa umfanyana omncane womXhosa.	
Uthisha wakhe wamqamba ngokuthi uNelson.	
UTata washona eyiqhawe.	

5. Wayeboshelwani uNelson Mandela ?

UMandela waboshelwa uku .....

.....

……..

6. Ngokucabanga kwakho kungani abantu bebiza uNelson Mandela ngokuthi ‘uTata’?

Ngicabanga ukuthi .....

.....

……

7. Funda:

7.1 Isichasiso igama elichaza umuntu noma into ethile. Kokelezela izichasiso **ezimbili** emshweni olandelayo.

Umfana omncane wazalwa esigodini esithule.

7.2 Ibizo igama lomuntu noma lento. Kokelezela amabizo **amabili** emshweni olandelayo.

Isigodi saseMvezo sithule, abafana bakhona bathanda ukudlala.

7.3 Isihlanganiso igama elihlanganisayo. Kokelezela isihlanganiso **esisodwa** kule misho elandelayo.

a. UMandela wayethanda abantu futhi ezazisa kakhulu izingane.

b. Igama lakhe kwakunguRolihlahla kodwa uthisha wakhe wamqamba ngokuthi uNelson.

8. Phinda ubhale imisho ibe senkathini ...

8.1 Edlule

Osisi bakhe bahlala eQunu.

.....

.....

.....

8.2 Ezayo

Ulwela inkululeko.

.....

.....

.....

9. Phinda ubhale imisho. Ufake izimpawu zokuloba **ezimbili** kule misho elandelayo.

9.1 uTata washona eyiqhawe

.....

.....

.....

9.2 Ngabe ubaba umama nosisi bakhe babehlala eQunu

.....

.....

.....

9.3 Uthisha wakhe wathi, nelson, woza lapha.

.....

.....

.....

10. Gcwalisa izenzo ezifanele ezikhaleni ozinikiwe.

10.1 Abafana badlala ngezinduku.

kodwa

Umfana ..... ngenduku.

10.2 Yena uya esikoleni esiyibhodingi.

kodwa

Bona .....esikoleni esiyibhodingi.

11. Kukhona amagama abizwa, abhalwe ngokufana kepha abe nezincazelo ezingafani.

Bhala imisho ngegama elibizwa, libhalwe ngokufana kepha libe linezincazelo ezingafani.

11.1 ithanga

.....

……..

11.2 ithanga

.....

……..

12. Buka lezi zithombe bese uqedela le misho.

12.1 Umama kaMandela usika isinkwa ngo.....



12.2 Uthanda ukudla .....



12.3 Sidle ..... emkhosini wokuzalwa kukathisha wethu.

13. Buka isikhangisi bese uphendula imibuzo 13.1 no 13.2.

Buyela esikoleni

13.1 Kokelezela uhlamvu oluseduze nempendulo efanele. Yiziphi izinto zokubhala nokubhalela ezikhangiswa esitolo. Isitolo sikhangisa ...

A amapeni nama-aphula.

B izinombolo nezinhlamvu zamagama.

C izincwadi zesikole nobuso obumamathekayo.

D amapeni, amarula, amarabha nezincwadi zokubhalela.

13.2 Qedela umusho olandelayo.

Ubuso obumamathekayo esikhangisini busitshela ukuthi ukubuyela esikoleni kwenza abafundi bazizwe be.....

14. Funda ithebuli bese uphendula imibuzo 14.1 kuya 14.3.

Uhla lwemisebenzi yothisha beBanga 3		
Igama	**ngoMsombuluko nangoLwesithathu**	**ngoLwesibili nangoLwesine**
uNkk Gumbi	Uwelisa abafundi umgwaqo	Usenkundleni yemidlalo
uNksz Khoza	Usenkundleni yemidlalo	Uwelisa abafundi umgwaqo
uMnu Sithole	Uqeqesha abafundi ngemidlalo	Imihlangano
uNkk Mbambo	Ubhekelela usizo lokuqala	Ubhekelela usizo lokuqala
uMnu Nala	Imihlangano	Uqeqesha abafundi ngemidlalo

[Isungulwe yi: DBE]

14.1 UNkk Gumbi uwelisa abafundi umgwaqo ngoMsombuluko nangoLwesithathu. Ngubani omunye owelisa abafundi umgwaqo?

.....

14.2 Ubani owenza umsebenzi ofanayo kusukela ngoMsombuluko kuya ngoLwesine?

.....

14.3 Yinini lapho uMnu Sithole eba nemihlangano?

.....

15. Funda igrafu bese uphendula imibuzo 15.1 no 15.2.

		Imisebenzi yabafundi			
Inani labafundi	8				
	7				
	6				
	5				
	4				
	3				
	2				
	1				
		ukufunda	ukubhala	ukudweba	ukucula

[Isungulwe e-DBE]

15.1 Faka uphawu (✕) ebhokisini elingezansi kwempendulo efanele.

Qhathanisa imisebenzi. Yimuphi umsebenzi okhonzwe kakhulu ngabafundi?

ukubhala	ukudweba	ukufunda	ukucula

15.2 Faka uphawu (✕) phezu kohlamvu olusebhokisini elingenhla kwempendulo efanele.
Bangaki abafundi abathokozela ukubhala?

A	B	C	D
8	5	4	3

16. Bhala izigaba **ezimbili** ezinemisho okungenani **eyi- 10** isiyonke ngeqhawe lakho noma iqhawekazi lakho olikhonzile. Qikelela ukubhala izimpawu zokuloba noma izikhanyisi, uhlelo nesipelingi ngokufanele. Ungafaki izinombolo noma ungaphindaphindi imisho endabeni yakho.

Iqhawe lami

noma

Iqhawekazi lami

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

ISAMBA: 40